# *ISANDLA ESILOBA ODONGENI*

Kuhle impela ukuba khona, kulokhu ukusa, ngalelisabatha. Usuku olubi, kodwa, nokho, luhlala luyisabatha emiphefumulweni yethu lapho sicabanga ngeNkosi nangobuhle baYo.

2 Futhi manje ngishilo, namuhla, ukuthi uma iNkosi ibithanda, ngifisa ukushumayela uMlayezo wanamuhla ekuseni, njengoba umfowethu . . . ubumnene bokungivumela ukuba ngibe ne—nenkonzo kulokhu ukusa, futhi sizokhuluma kulokhu ukusa ngokuthi: *Isandla Esiloba Odongeni.*

3 Futhi, kulobubusuku, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuluma ngendaba, *Ngabe IBandla Liyohamba Ngaphambi Kwesikhathi Esikhulu SeNhlupheko na?* Futhi bengingathanda, uma ningenayo noma iyiphi indawo e—ebeningathanda, ukuya esontweni namhlanje, noma kulobubusuku, ukuthi beningaphumela umlayezo kulobubusuku, *Ngabe IBandla Liyohamba Ngaphambi Kwesikhathi SeNhlupheko na?* Futhi ngi . . . Kunengxoxo impela yalokho, ukuthi kunjalo noma akunjalo ukuthi i—iBandla lizohamba ngaleyonkathi, ngakho-ke sifuna ukuxoxa ngalokho kulobubusuku.

4 Futhi manje ngikhiphile, emsakazweni, izolo, uMfowethu Neville othandekayo ukwenzile, ukuthi kulokhu ukusa, uma ubekhona noma ubani ozokhulekelwa, ukuba abe lapha ngelesishiyagalombili nqo. Futhi indodana yami ibiphezulu ukukhipha amakhadi, futhi bekungekho muntu, nhlobo. Ngehora lesishagalolunye, bekunomuntu oyedwa kuphela ukuba akhulekelwe.

5 Manje, kulobubusuku, inko- . . . noma amakhadi, amakhadi omkhuleko, azokhishwa. Ngiyajabula ukuzwa lokho. Ngiyajabula ukubona ukuthi balungiselela umuntu oyedwa ogulayo, engizomkhulekela. Kodwa bekukhona . . . Izinkonzo kulobubusuku . . . Ya, mhlawumbe bekungukusa okubi, futhi abantu abaphumanga. Ngakho-ke, kulobubusuku, bazobe bekhipha amakhadi omkhuleko ligamenxe ihora lesithupha kulobubusuku, labo. Futhi si—singasho ngalokho, ngaleyonkathi, ukuthi ngingawusekela kanjani umlayezo wami, ukuthi ngabe kuzobz ukuphilisa ngokukaNkulunkulu noma ini, nge . . . noma ngishintshe indaba yami ingene endleleni yokuphilisa ngokukaNkulunkulu, noma ngabe nje izoba ngokokusindiswa kwemiphefumulo.

Manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzu nje, ngomkhuleko.

6 O Nkulunkulu, Baba olungileyo kakhulu, sijabula kakhulu kulokhu ukusa, njengoba siza endlini yaKho engcwele, ukuba

sibheke phezulu ezibhakabhakeni, sibone ukuthi Wena umkhulu kangakanani, njengoba umfowethu nje esanda kuculila nje emizuzwini embalwa edlule. Nokubona Wena welula amaphiko aKho amakhulu kusukela ezibhakabhakeni kuye ezibhakabhakeni, njengomama-khozi ekhipha abancinyane bakhe esidlekeni. Futhi ngaphambi kokuba abakhiphe esidlekeni, uvele nje ashwibe amaphiko akhe amakhulu awakhiphe, futhi avumele abancinyane babone ukuthi mkhulu kangakanani, nokuthi unamandla kangakanani. Khona-ke bangathembela emaphikweni akhe, ngoba benza ukundiza kwabo kokuqala ukusuka esidlekeni sabo.

7 Nkosi Nkulunkulu, namuhla, sijabula kakhulu ukuthi singabheka phezulu futhi sibone izinkanyezi ezibhakabhakeni, ne—nenyanga, nesimiso esikhulu sokuhamba kwelanga njengoba lizungeza ngokuvumelana okuphelele kangaka, khona-ke siyabona ukuthi Wena umkhulu kangakanani. Futhi kuba yisikhathi sethu sokuba sishiye lesi sidleke salelizwe, sinethemba lokwazi ukuthi Lowo Owabeka izinkanyezi emigudwini wazo, Owenza amazulu nomhlaba, impela angawuqondisa umphefumulo wethu ongenakuzisiza awungenise endaweni Ayethembisile, ngokuba singabona ukuthi Wena umkhulu kangakanani.

8 Futhi njengoba sizwa ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina, ngaphambi nje kokuFika kwaleyoNdodana yaKho emangalisayo, lowoMsindisi othandiweyo othandekayo, siyakhuleka, namuhla, ukuthi Uzosikhumbuza ukuthi lokhu sekuseduze kangakanani, lesisehlakalo esikhulu. Futhi kwangathi wonke umphefumulo phakathi lapha ungasusa nej wonke omunye umcabango ngalesisikhathi. Futhi, Baba, sikhulekela ukuthi Uzokhuluma kithi ngeZwi laKho, namhlanje, ukuze sikwazi ukubona, ngokuhlakanipha kwabaprofethi ezinsukwini ezedlule, ukuthi kusondele kangakanani ukuFika kweNkosi.

9 Uma sifunda amaphephandaba ethu, futhi sizwa imisakazo, siyazi ukuthi kukhona okungalungile. Futhi imimoya yethu isitshela ukuthi kukhona okungalungile ngokuphelele.

10 Futhi sinike namuhla lokho esikudingayo. Sindisa labo, Nkosi, abasindisekayo namuhla. Futhi phulukisa labo abadinga ukuphulukiswa namuhla. Futhi siyakhuleka ukuthi uzovula izindlebe zethu ukuba sizwe iZwi laKho. Vula umlomo wenceku yaKho futhi ukhulume manje izinto ezizokwahlukaniselwa iBandla laKho kulelihora. Ngokuba sikucela eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi uJesu. Amen.

11 Ngale eTestamenteni eLidala, eNcwadini kaDaniyeli, isahluko 5 nevesi 25, ngifisa ukufunda. Futhi nina enibhala phansi imiBhalo yenu. Futhi manje siyaxolisa ukuthi asinayo indawo yokuhlala eyanele yalabo abamile. Ngifuna ukufunda

evesini lama 25. Futhi kwangathi iNkosi ingenezela isibusiso saYo.

*Yile* incazelo *eyalotshwa: MENE, MENE, TEKEL, UFARSIN.*

12 NjengemiBhalo yethu, kulokhu ukusa, isibuyisela emuva eTestamenteni eLidala, ukwesekela ukucabanga kwethu okwemizuzu embalwa ezayo esahlakalweni esingumlando. Futhi siyazi ukuthi umlando uyaziphinda njalo njalo. Futhi ekutadisheni kwami manje, ngifunda i-*Ante-Nicene Fathers,* futhi ngingabona ngemiBhalo, ukuthi siphinda kanjani unyaka osudlulile.

13 "Futhi yonke imiBhalo inikezwa ngokuphefumulelwa." NeNkosi yethu ebusisiweyo yasho ukuthi, "ImiBhalo ingephulwe. Yonke imiBhalo ifanele igcwaliseke." Induduzo enjena pho, ukunikeza thina bantu abafunda leyomiBhalo, sazi ukuthi esikufundile kungephulwe. Kusinika isisekelo esiqine kakhulu ukubeka ukukholwa kwethu kuso. Futhi wonke umBhalo ufanele ugcwaliseke.

14 Khona-ke siyathola, ukuthi ekugcwalisekeni kwemiBhalo, iZwi likhulu kakhulu kangangokuthi izikhathi eziningi Linokugcwaliseka okukabili, futhi iningi lalo Liziphinda okungenani kanye.

15 Isibonelo nje, eBhayibhelini, kuMathewu isahluko 2, Li— Lifundeka, lapho eLathi khona, "Indodana yami Ngiyibizile iphume eGibhithe." Uma uzofunda lowomBhalo, bese ubuka inkomba, uzoyithola emuva laphaya, ukuthi uNkulunkulu wabiza indodana yaKhe, uJakobe, iphume kwa-Israyeli . . . iphume eGibhithe. Bese kuthi-ke futhi kuyagcwaliseka futhi ngenkathi Ebize iNdodana yaKhe, uJesu, iphume eGibhithe.

Futhi Lilokhu liziphindaphinda nje, ngoba Liphefumulelwe.

16 Uma ngikubhalele incwadi iletha, mhlawumpe ungayithokozela leyo ncwadi iletha. Futhi uma ungibhalele eyodwa, ngiyaqiniseka ukuthi ngingayithokozela. Kodwa incwadi yami izoya kuwe nje. Ngakho-ke, emva kokuyifunda kanye, uyayazi yonke incazelo, futhi incwadi ingabe ingasenele nhlobo, noma ubani omunye. Ibikhethelwe wena nje; noma eyakho kimi.

17 Kodwa akunjalo ngeZwi likaNkulunkulu eliPhakade. Liphefumulelwe. Ngakho-ke, Liya kubantu bonke, kuyo yonke iminyaka, futhi ukuhlangabezana nazo zonke izimo. Yilokho okwenza Lilokhu liZiphindaphinda. Njengoba umlando ulokhu ushwibeka uzungeza, Lishwibeka nomlando. Futhi Alilokothi lilahlekelwe ukubaluleka kwaLo, ngoba LiyiZwi laPhakade likaNkulunkulu oPhakade. Alikwazi ukulahlekelwa inani Lalo.

18 Futhi inkundla yethu kulokhu ukusa iseBabiloni. Kuhle kakhulu kithi ukuthi sithola kancanyana ngalomuzi omkhulu. Futhi kade ngitadisha kamuva ngeBabiloni, ngaphandle kwe—kwe. . . ngokomumo womhlaba lapho lalihlezi khona. Futhi ngangikutadisha kwi *Two Babylons* kaHislop, omunye wemilando emidala kunayo yonke yaseBabiloni.

19 IBabiloni kuqala libonakala ekuqaleni kweBhayibheli, bese-ke libonakala maphakathi neBhayibheli, bese kuthi-ke libonakala ekugcineni kweBhayibheli. Isizathu sokuthi liqale kuGenesise yingoba uGenesise uyisahluko sembewu seBhayibheli. Yilapho imbewu yayo yonke into esemhlabeni, namhlanje, yaqala khona, eBabiloni. . . kuGenesise. Uxolo. Futhi iBabiloni liqala kuGenesise.

20 Lasungulwa nguNimrodi, owayeyindodana kaHamu. Futhi kuqala labizwa ngokuthi, "Amasango aseParadesi." Lase-ke libizwa ngokuthi iBabiloni, futhi igama elithi iBabiloni lisho ukuthi, "Ohlubukile."

21 Futhi uNimrodi walisungula leli kwenye yezingxenye ezivundile kakhulu zezwe elaziwayo. Futhi kwakungumuzi omkhulu. Futhi wasungulwa ezigodini zaseShineyari. Futhi iShineyari yayi. . . Isigodi saseShineyari kwakuyindawo evunde kakhulu ezweni elaziwayo, isikhungo esikhulu sezolimo, futhi uMfula omkhulu i-Ewufrathe yayinisela izwe lawo. ITigrisi ibekwe ngasenyakatho, entabeni, kodwa i-Ewufrathe yayinisela iShineyari. Futhi maphakathi ngqo kwalesisigodi, lomuzi omkhulu wawutshaliwe, futhi wawungomunye wemizi emikhulu kunayo yonke yosuku. Kwakuyindawo enamandla, futhi yayigcwele ososayensi nobuhlakani bezwe elaziwayo.

22 Umuzi wawungamamayela ayikhulu namashumi amabili ukuwuzubgeza, ukuthatha umuzi. Futhi izindonga zazicishe zibe amafidi angamakhulu amabili ukuvundla, futhi cishe amafidi angamakhulu amathathu ukuphakama. Wawungagijimisa izinqola eziyisithupha, ngokulinganisana, ngokuzungeza loludonga, futhi kuqhudelwane ngokuzungeza udonga.

23 Futhi khona-ke lomuzi, futhi, wawunawo kuwo, emikhulu, izitaladi ezinkulukazi. Futhi lezi zitaladi zazicishe zilingane, noma zingaphezu kokulingana, nezitaladi zanamuhla. Yayicishe ibe ngamafidi angamakhulu amabili ububanzi. Lokho impela kwakuxakile ngomuzi wangalezozinsuku, ngoba izitaladi zaziyingcingo, okwenqola nje encane ukuba ihambe yedlule.

24 Esikhathini esedlule, kwakuyinhlanhla yami ukuba se-Oslo, eNorway. Futhi ezansi engxenyeni endala yomuzi, osuvele ungaphezu kweminyaka eyinkulungwane ubudala, kwakunganzima ukumpintsha imoto yedlule ezitaladini zomuzi, ngoba into yokuhamba kuphela ababenayo babenezinqola noma abamahhashi. Futhi yileyondlela yonke imizi emidala

yasendulo eyayakhiwe ngayo. Kodwa leliBabiloni lalinezitaladi ezingamafidi angamakhulu amabili ububanzi. Amabutho ayengamasha phezulu ehlome ngazo zonke izikhali, futhi onke elinganisene, futhi ungamafidi angamakhulu amabili ububanzi, inqola emva kwenqola.

25 Futhi yayakhiwe ngokuthile ngokohlelo lwaseRoma, namuhla, lapho khona iBabiloni lesimodeni lihleli khona. Sonke isitaladi sasiholela esishayamthetho nasesihlalweni sobukhosi, ngiqonde isihlalo sobukhosi. Isihlalo sobukhosi kwakuyindawo enkulu maphakathi nomuzi. Futhi ngaphambi kwesihlalo sobukhosi, kuhamba umfula omkhulu i-Ewufrathe.

26 Futhi amasango amakhulu alomuzi, angamafidi angamakhulu amabili ububanzi, namafidi ayikhulu namashumi amahlanu athile noma amafidi angamakhulu amabili ukuphakama, enziwe ngethusi eliqinile.

27 O, kwakungumuzi omkhulukazi! Futhi kuzo zonke izindonga zawo, wawunezingadi ezinkulu ezishwibekayo. Futhi lezizingadi kwakuyizindawo ezinkulu zokuzijabulisa.

28 Futhi emzini babehlose ukuthi babengaphila nganoma iyiphi indlela nje ababefuna ukuyiphila. Ngakho-ke bacabanga, manje-ke, uma babengenza lokho, babeyokwakha umbhoshongo ophakeme kakhulu, ukuthi uma izikhukhula zamanzi okwahlulela zingake zifike, ukuthi babeyovele bagijime bagibele phezulu embhoshongweni, futhi babeyophepha.

29 Niyabona na? Kuyisithombe nje seMelika yesimodeni, izama ukuthola isiputniki noma okuthize, futhi ikhuphukele enyangeni, sicabanga ukuthi sizophepha. Kodwa uNkulunkulu uyakubona, kungakhathaleki ukuthi ukuphi.

30 Futhi kulomuzi, babenazo zonke izinhlobo zamacebo esono. Futhi lapho noma iyiphi indawo izicabanga ukuthi ivikelekile, khona-ke udlame nobubi kuyangena. Babenososayensi ababedlula bonke emhlabeni. Babenamabutho awedlula onke emhlabeni. Babenezinqola ezedlula zonke emhlabeni, amadoda aqeqeshwe ukwedlula onke eyayikhona. Nososayensi, nayo yonke impi, babephakeme kakhulu. Bab engaphezulu le kwanoma yiziphi zazo zonke izizwe. Futhi bona, empeleni, zonke izizwe zazithi ukubukela kubo, noma zibakhothamele.

31 Futhi uma isizwe sifika kulesosimo, khona-ke bacabanga ukuthi bangenza nje abakufunayo, futhi bazedlulele ngakho.

32 Kodwa, khumbulani, akunandaba ukuthi izindonga ziphakeme kangakanani, uNkulunkulu ubuka phansi esemaZulwini. Futhi uNkulunkulu uyasizonda isono. Uyasithanda isoni, kodwa Uyayizonda imisebenzi yaso, isono.

33 Futhi kulomuzi omkhulu, base bebabi kakhulu. Bacabanga, "Awu, singenza noma yini esiyifisayo, ngoba akukho lutho

olungasikhathaza." Uma lokho kungesiso nje isithombe sesizwe sakithi, namhlanje, sidelela uNkulunkulu nje!

34 Manje, badelela umusa kaNkulunkulu emuva lapho, futhi. Babenomprofethi kulowomuzi ogama linguDaniyeli. Futhi ungacabanga indoda kaNkulunkulu, ibona isono namacebo, njengoba kwakunjalo, yamemeza kakhulu yamelana nakho. Kodwa bavele nje bamhleka, njengokucabanga ukuthi, "Lowo mfo omdala akazi ukuthi ukhuluma ngani."

35 Futhi kunjalo nanamhlanje, ukuthi abantu bakithi balolusuku sebephenduke abanganaki kakhulu ngoNkulunkulu, size sizwa ukuthi singavele siphile noma ngayiphi indlela esiyifunayo futhi sizedlulele ngayo. Kodwa angeke ukwenze. Awusoze wakwazi ukukwenza. UNkulunkulu uzosehlulela isono.

36 Omunye wathi kimi, esikhathini esedlule, wathi, "Mshumayeli, isisekelo sethu saseMelika sasungulwa phezu kwe—kwenhlonipho yokuzithoba nezinhlonipho zokhokho bethu. Babengamadoda enkolo, ngakho-ke uNkulunkulu uzosivikela lesisizwe kuze kube phakade."

37 Akasayikuphinde abe nezinhlonipho ngathi kunoma Enza ngo-Israyeli. U-Israyeli wayengabantu baKhe ababiziwe nabakhethiweyo. Futhi lapho betshala, bavuna lokho abakutshalayo. Futhi lokho kuya kubantu ngabanye. Akunandaba ukuthi lingcwele kanjani ibandla esizisho ukuthi sikhonza kulo, noma sizama kahle kanjani ukuphila, uNkulunkulu ubophezeleke eZwini laKhe, ukuba asehlulele ngalokho Akushilo.

38 Futhi ngenze lesi sitatimende. Uma lesisizwe siphunyula ekwahlulelweni, uNkulunkulu uyobophezeleka ukuvusa iSodoma neGomora, futhi axolise ngokubacwilisa nokubashisa, ngoba sibabi nje njengoba iSodoma neGomora lalilokhu linjalo. Futhi uma Acwilisa iSodoma neGomora, futhi wabashisa, ngenxa yesono sabo, futhi Engenzi ngendlela efanayo ngathi, khona-ke Uyoba ngongalungile futhi abakwelete ukuxolisa.

39 UNkulunkulu akadingi ukuxolisa kumuntu, noma lutho. Isono siyokwahlulelwa. Futhi siyojeziswa, impela nje njengoba ekhona uNkulunkulu Ongenza ukwahlulela. Futhi ukwahlulela kukaNkulunkulu kungcwele. UNkulunkulu ungcwele. Futhi, ngakho-ke, izahlulelo zaKhe nemisebenzi yaKhe ifanele ilunge futhi ibe ngcwele, ngoba iba nguNkulunkulu ongcwele, ngenxa yemisebenzi yaKhe nokwahlulela kwaKhe.

40 Futhi, o, kanjani ukuthi lomuzi, ugxambuza esonweni! Sikanjani isizwe sakithi, namhlanje, sigxambuza esonweni! Sicabanga nje ukuthi ngoba singamaPresbyterian, noma amaBaptisti, noma amaPentecostal, noma okuthize, yilokho kuphela uNkulunkulu akudingayo. Udinga ubulungiswa. Futhi

yileyonto kuphela umthetho waKhe oyoyiqo- . . . okuqondwayo, ngubulungiswa. Akakhethi hlelo.

41 ENcwadini yeZenzo, isahluko se 10 nevesi lama 35, umprofethi wathi, "Ngiyabona ukuthi uNkulunkulu akabheki isizwe noma umuntu, kodwa wamukela labo abazoMkhonza ngokulunga." Akundaba ukuthi yiliphi ibandla okhonza kulo, uNkulunkulu ukulindele ukuthi uMhloniphe. Futhi Ufuna ukuthi uMkhonze ngokulunga. Uma sehluleka ukubathathela iVangeli, khona-ke uNkulunkulu uyobehlulela ngokolwazi ababenalo, nokuthi babehlonipheke kangakanani kuLo.

42 O, malibusiswe iGama laKhe! Njengoba ningezwa kalula nje, kulolusuku esiphila kulo, kukhona into ethile ezokwenzeka nje. O, ngibheke ngokulangazela okukhulu ngokunye ukusa okumangalisayo, ukuba izinkathazo ziyophela zonke, neNkosi ebusisiweyo iyofika. Futhi sizohlwithwa, ukuhlangabeza Yona emoyeni. O, kufanele kube yiyona kanye injongo yayo yonke inhliziyo, nayo kanye inhloso yayo yonke inhliziyo, ukubheka lesosikhathi, ukubona lapho izinkathazo zethu neziviviny o ziyophela khona. Futhi lapho . . .

43 Siphendulela imicabango yethu manje eBabiloni, futhi, ukuqhuba uMlayezo wethu. Siyathola, kulomuzi omkhulu, ukuthi ngenkathi sebethole konke ukuvikeleka, asikho isizwe esasingabathola. Ngani, babenezindonga ezingamafidi angamakhulu amabili ukuba bazigubhe, amafidi angamakhulu ukuphakama emoyeni, namasango ethusi amakhulu obekungathatha isixuku samasosha ukuwashwiba adedeleke. Ayeqiniswe kahle. Babengenasidingo sokukhathazeka nganoma yisiphi esinye isizwe. Manje, leyongxenye yayilungile. Kodwa ngenkathi sebefaka isono phakathi lapho, khona-ke, khumbulani, uNkulunkulu angabuka noma yikuphi futhi akubone, akunandaba ukuthi uqiniswe kanjani.

44 Futhi ngifuna ukusho lokhu. Yinye kuphela indlela yokuba umKristu aqiniswe, lokho ngukuthi, ngaphansi kweGazi leNdodana kaNkulunkulu ophilayo. Yileyonto kuphela Angeke ayibheke ayedlule futhi ayehlulele. Uma usibekelwe yiGazi, khona-ke uNkulunkulu angeke akubone. Wathi, emiBhalweni, "Nxa ngibona igazi, ngizodlula. Ngizodlula phezu kwakho."

45 Kodwa lababantu babengenandaba nalokho. Babenezinkolo zabo uqobo, ngakho-ke babephila ngazo. Niyazi, "Kukhona indlela ebonakala ilungile kumuntu, kodwa ukuphela kwayo kuyizindlela zokufa."

46 Manje, kulomuzi, babenenkosi eyayingomunye walabababafana abasasayo besimodeni, o, into ethize efana nabanye bosomahlaya bethu bomsakazo, u-Arthur Godfrey wesimodeni, noma u-Elvis Presley, noma omunye onjalo. O, wayengomkhulu, umfana omkhulu kakhulu. Futhi wayezithanda izikhathi zakhe ezinkulu, ngakho-ke

wayezophosa iphathi encane yomculo wokuzibinya enzela bonke abantu bakhe.

47 O, uma lokho bekungesona isiqalekiso! Futhi ukucabanga ukuthi abesilisa nabesifazane, abazibiza ngezinceku zikaKristu, bezitika ezintweni ezinjalo, amarekhodi endlini yabo, emishinini yabo. Bephonsa izinto ngomnyango!

48 Futhi lomfo wacabanga, "Awu, manje, sizoba nesikhathi nje esikhulu." Futhi wathumela isimemo esikhulu kubo bonke osaziwayo. Wakhetha abakhethiweyo bakhe, labo ababedansa ukubedlula bonke, nabesifazane ababebahle kakhulu ukubedlula bonke. Futhi wabangenisa bonke engadini eshwibekayo enkulukazi, ngemuva nje kwesigodlo, ngomdanso wesimodeni. Futhi babezozijabulisa kakhulu. Futhi onke amasosha, nabo bonke, bathola ukudakwa okuhle. Uma leyo kungeyona iMelika yesimodeni, angazi ukuthi kukuphi. Ngakho-ke babenesikhathi esimnandi. Futhi bakhanyisa konke okucwebezelayo, njengohlelo nje lwethelevishini olumnandi.

49 Futhi babesemuva lapho, abesifazane, akungabazeki, nabagada izingane ekhaya, benakekela izingane zabo. NeBhayibheli lathi, "Wabiza zonke izancinza zakhe." Futhi *isancinza* kwakuyi "sifebe" esisemthethweni. Futhi umehluko kuphela ng ukuthi, esanamhlanje, baseyinto efanayo, kodwa hhayi ngokomthetho. Futhi bashiya izingane zabo ekhaya nabagada izingane, futhi bagqoka ezabi ezintsha, izingubo zokugqoka zesimodeni, iziketi zabo ezincane nokunye nokunye. Futhi baya edilini elinomsindo lenkosi, noma iphathi yomculo wokuzibinya.

50 O, aniyiboni iMelika kuleyondawo efanayo na? "O, inkosi yakuvumela, ngakho-ke kufanele ukuthi kulungile. Uma inkosi ikwenza, awu, lokho kuyakuxazulula." Awu, ngenxa yokuthi iMelika iyakuvumela ukuthi uthengise ugologo, nosikilidi, nogwayi, nobhiya, lokho akukwenzi kulunge, ebusweni bukaNkulunkulu. UNkulunkulu uzosahlulela isono. Wena uthi, "Awu, isizwe sakithi siyakuthengisa." Kodwa nifanele nibe nomgomo wangempela wowesilisa nowesifazane, futhi niqhele kukho. Isizwe sakithi sibuswa ngudeveli, njengazo zonke izizwe zinjalo. IBhayibheli lithi zinjalo. Ngakho-ke angeke uhambe ngendlela i—isizwe esibuswa ngayo.

51 USathane wathi, "Yonke lemibuso ingeyami. Ngizokwenza engikufunayo ngayo." Futhi wathi kuJesu, "NgizoKunika yona uma Uzongikhonza."

52 UJesu wayazi ukuthi Wayeyoba yindlalifa kuyo, esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, ngakho-ke Wathi, "Kulotshiwe ukuthi, 'Woyikhonza iNkosi uNkulunkulu wakho, futhi uyikhonze Yona yodwa.'" Lokho kungukushumayela okuhle ebandleni, kungasaphathwa kuSathane. Akunandaba ukuthi

unani, siyayalwa ukuba sikhonze iNkosi uNkulunkulu wethu, futhi yiYo kuphela esiyoyikhonza.

53 Ngakho-ke inkosi yahlela idina elikhulu. Futhi yalungiselela konke ukudla, nobhiya wabo obedlula bonke, namawayini abo. Akhangiswe kahle ukwedlula onke, ababenawo. Futhi wayezoba nesikhathi esikhulu kakhulu. Futhi wamema onke amantombazane aseHollywood, nabo bonke. Futhi bonke benyuka, nabadansi ababedlula bonke ababenabo. Bonke babekulengadi enkulu laphaya, benomculo wokuzibinya wesimodeni. Isikhathi esinjena pho! Kudanswa, kuphuzwa, bezijabulisa nabanye ngokudansa!

54 Alisho yini iBhayibheli ukuthi bayoba ngaleyondlela na? Lathi, "Bayoba ngabanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; abangenakuthuliswa, abangazithibi, abanolaka, nabazonda abalungileyo kuNkulunkulu." Usuku olunje pho esiphila kulo! Manje ngifuna uncinze unembeza wakho wokomoya.

55 Kwakungalesisikhathi, ngenkathi babesenakho konke lokhu, futhi i. . . Sengiyabona nje a—amanenekazi amancane nobhiya wawo, ephuza. Futhi ayenza umculo wawo—wawo wokuzibinya, noma odum-dumu, enesikhathi esikhulu nje phandle lapho, edansa ngalapho. Nalawo masosha adakiwe eshwiba labo besifazane nxazonke, futhi ebasondeza kuwo, ebahlalisa emathangeni awo. "Futhi babenokuzijabulisa okuncane nje okuhlanzekile." Yilokho iMelika ekubiza ngakho namhlanje, "Ukuzijabulisa okuncane nje okuhlanzekile." Kuyisono!

56 IBhayibheli lathi, "Ozinikela ekutamaseni ufile esaphila." Futhi indlela abesifazane bakithi baseMelika abalahlekelwe ngayo ngukuziphatha kahle kwabo, kuze kubelukhuni ukuthi bazi ukuthi igama elithi *ukuziphatha kahle* lisho ukuthini.

57 Futhi bengibalandela, ngakho, esikhathini esingeside esedlule. Nowesifazane wathi kimi . . . ngamtshela. Ngathi, "Ugqoka lezo zingubo ngendlela owenza ngayo, uyofanele uphendule ngoSuku lokwaHlulela ngokuphinga." Wayengowesifazane oshadile.

58 Wathi, "Ngizokunika ukuba uqonde, Mfowethu Branham, ukuthi angikaze ngenze lutho olubi."

59 Ngathi, "Kodwa ngabe enye indoda ekubukile yenze noma yini engalungile na? Ngokuba uJesu wathi, 'Yilowo nalowo oyobuka owesifazane, ukuba amkhanukele, usephingile naye vele enhliziyweni yakhe.' Khona-ke uma lesosoni siphendula ngokuphinga, uyophendula njengonecala, ngoba uziveze wena kuye ngaleyondlela."

60 Uthi, "Awu, Mfowethu Branham, bathengisa lolohlobo lwezingubo zokugqoka. Yilolohlobo kuphela abaluthengisayo."

61 Basayithengisa imishini yokuthunga. Basenazo izimpahla. Kuyihlazo ukubona indlela, abesifazane bethu balolusuku. Nina besifazane bePentecostal, ihlazo elinjena pho!

62 Futhi wena ndoda, wena ndoda yePentecostal, ozovumela owesifazane wakho aziphathe kanjalo, lokho kukhombisa ukuthi uyindoda kangakanani ngempela. Ufanele ube yinhloko yendlu. O, ihlazo elinjena pho!

63 Wena uthi, awu, umkakho ubhema osikilidi. Yini emfake kulokho kwasekuqaleni nje? Yena unephutha ekukwenzeni. Yena uzifaka uphoyizeni. Ufaka abantwana bakho uphoyizeni. Ulahla umndeni wonke. Futhi ihlazo eBandleni likaNkulunkulu ophilayo!

64 Nani enivumela abantwana benu, amantombazane enu amancane, aphume nalababafana, thina siphumela phandle lapha kulomculo wokuzibinya uqhubeka. Ngiyanidabukela, mama nobabayi! Wena uthi, "Awu, benza nje njengoba befuna." Nisenazo izigwedlo.

65 Nginawo amabili phezulu lapho. Angazi ukuthi ayoba yini. Kodwa uma lendoda endala, uBranham, ephila isikhathi eside ngokwanele futhi esalokhu ephile kahle engqondweni yakhe, angahle ahambe kodwa ayogcwala amashashazi ngenkathi eselapho.

66 Kuyihlazo! Baningi abantwana abazalwa ngaphandle komshado ezweni namhlanje, eMelika. Unyaka ngamunye ikhiqiza abantwana abaningi abazelwe ngaphandle komshado kunoma izimpi zibakhiqiza eminyakeni emine yokubulalana. O, kuyisibonakaliso esikhulu sesikhathi sokuphela! Impela yiso.

67 Manje ngifuna niqaphele lenkosi. O, yayingumfo omkhulu. O, yayingu-Arthur Godfrey omuhle, nawo wonke amahlaya ayo angcolile.

68 Futhi nina besifazane enihlala ekhaya, esikhundleni sokuthatha isikhathi senu semihlangano yomkhuleko iqhubeke—iqhubeke ekuseni, nivula ishinga elinjalo futhi nililalele, bese-ke nizibiza ngomKristu. Yini ayenzayo ngaphandle kokulala phansi lapho nalawo mantombazane, nezinto! Ngani, uyisikweletu esikhulu kunazo zonke lesisizwe esake saba naso. O, yebo, "UngumMelikana wangempela." Uma ubiza lowo ngomMelikana, ku. . . Kungahle kube ngumMelikana olungileyo, kodwa kukude le ebuKristwini. Kodwa aninaso isikhathi somhlangano womkhuleko noma ukufunda iBhayibheli. Manje niyabona ukuthi sikuphi na?

69 Labo besifazane, lezozancinza ezaziphezulu lapho nenkosi ngalobobusuku, ukube zazimlalelile uDaniyeli, zazingeke zibe lapho.

70 Kodwa qaphelani lapho idili liqhubeka, niyazi, futhi bonke bathola ukufudunyezwa kahle, ngamawayini abo amnandi

namawiski nobhiya, ababenawo. Futhi khona-ke bathi, "Ake sizijabulise." O, yebo, lo-Arthur Godfrey wesimodeni wayefuna ukuqhumisa ngomshumayeli onempandla, noma okuthize, niyazi. Ngakho-ke wathi, "Sizohamba futhi siyolanda izitsha zendlu kaNkulunkulu wabo, futhi sizoba nehlaya nje elincane." Uma lokho kungesilo ihlaya elihle lomsakazo noma lethelevishini, angikaze ngilibone elilodwa.

71 Niyabo, umuntu uyafa, kodwa umoya uyaqhubeka nokuphila. "O, sizovele sisho elilodwa nga*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, ukuba sibe nehlaya elihle." Lapha ngabezwa ngelinye ilanga emsakazweni, becula *Lapho Abangcwele Bemasha Bengena,* ngesigqi somculo; *Nxa Ngibona Igazi*, ngodum-dumu. Ihlazo elinjena pho! Ucabanga ukuthi uNkulunkulu ongcwele angakulalela lokho, futhi abe ngolungileyo futhi angakwahluleli na?

72 "Kodwa siqinisiwe! Siyisizwe esikhulu. Singabakhulu kunabo bonke emhlabeni!" Nabo babenjalo. Kodwa kwenzekani na?

73 Wathi, "Hambani nilande lezozitsha futhi asibe nesikhathi esimnandi." Futhi bahamba futhi bathatha izitsha zeNkosi, izinto ezingcwele.

74 Okungukuthi, "Uyisitsha seNkosi." Uyisitsha sikaNkulunkulu, lapho Ethululela khona uMoya waKhe oNgcwele.

75 Futhi bathi, "Ake sithole amanye amahlaya, umgingqiki ongcwele." Ngakho-ke bayahamba futhi bayasithola, futhi bagcwalisa izitsha zabo, noma ezabo. . .izinto, ne—newayini. Futhi khona-ke lo-Arthur Godfrey wesimodeni, ngenkathi amantombazane ehlezi emathangeni amasosha, futhi enza u "woo," futhi benesikhathi esimnandi, no—nokusasa kwabo nokuqhubeka. Futhi mhlawumbe umyeni ekhaya, egade ingane; futhi mhlawumbe o—owesifazane ekhaya, egade ingane, nomyeni wakhe odakiwe enhla lapho; cishe ingxenye nengxenye nje.

76 Futhi lapho babe, sonke lesisikhathi esikhulu, beqiniswe kahle, kungekho lutho olungabakhathaza. Impela! Isizwe esikhulu kunazo zonke ngaphansi kwamazulu, babeyiso. Bonke ososayensi abakhulu wayesenkundleni yabo. Wonke amathuluzi empi amakhulu ayengaphansi kokulawula kwabo. Babengemuva kwezindonga, ngakho-ke akukho lutho olwalungabakhathaza. Babenesikhathi esimnandi.

Babengazi ukuthi uNkulunkulu wayengabuka phansi kubo.

77 Futhi lapho kulokho, lenkosi yesimodeni namahlaya ayo ka-Elvis Presley, nokucula, mhlawumpe babenesikhathi esikhulu. Ngakho-ke yathi, "Khiphani labobagingqiki abangcwele futhi asizijabulise." Ngakho-ke wathela iwayini esitsheni,

futhi wayeliphuza, futhi ethi, "O, lelo ngelimnandi!" Konke okobulivilivi! Futhi bonke, "Yebo, kuhle lokho!"

78 NjengeMelika namhlanje, namanye amahlaya abo abolile, nokunye nokunye, ukuthi babenakho kwithelevishini nasemsakazweni. Futhi kokwabo kwesimodeni . . . Futhi nani bantu enizibiza ngamaKristu, nilalela into enjalo, manje ningabona ukuthi simi kuphi. Nina maMethodisti, maBaptisti, namaPresbyterian, nina maPentecostal amahle, kukhona okwenzeke kini. Izifiso zenu zibe yiphutha, ngoba lokho okusenhliziyweni yenu niyokwenza. Ubungeke wenze . . .

79 Bekungeke kube yisimangaliso esikhulu kimi, ukubona ingulube phezu kwenqwaba yomquba, idla. Leyo yimvelo yayo. Kodwa bekungangimangaza impela . . . Angikaze ngibone, futhi angisoze ngibone, iwundlu lidla nayo, ngoba imvelo ekuyo yehlukile.

80 Aniwaboni amaKristu enza lezozinto. Imvelo yawo, imvelo kaMoya oNgcwele omkhulu, angeke ibavumele benze lezozinto. IBhayibheli lathi, "Uma uthanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe." Manje ningazahlulela nina, noma iZwi liyanehlulela. Uma uthanda lezozinto, uthando lukaNkulunkulu seluphumile kuwe.

81 UNkulunkulu unendawo yokuqala noma akanandawo. Malibongwe iGama laKhe! Ngiyajabula kakhulu ngalokho. Ngijabula kakhulu ukuthi Umsulwa futhi ungcwele. Singabeka ithemba kuYe. Akaxegisi ngalutho. UnguNkulunkulu, futhi uNkulunkulu yedwa. Akusikho . . . Akazukwehlela kithi; sifanele silinganisane naYe. Angeke eze emicabangweni yethu; sifanele silinganisane emicabangweni yaKhe. Angeke alalele imiyalo yethu; sizolalela imiyalo yaKhe.

82 Kodwa, kusobala, singenza nje lokho esikufunayo. Futhi ngisho lokhu ngezinhlonipho. Amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye abelusi, baba buthakathaka kakhulu, angeke bashumayele ngokumelene nakho. Yithikithi lokudla kubo. Ngincamela ukubulawa yindlala uhhafu, futhi ngigqoke amasaka otshani ukuze ngimboze ubunqunu bami, futhi ngishumayele iVangeli, iQiniso, kunokuba ngibe nenkukhu ethosiwe kathathu ngosuku futhi ngixegise ngemfucumfucu kadeveli. Sengiba yindoda endala; futhi ngaLimela ngenkathi ngiseyinsizwa. Ngifuna ukuma nginesibindi kakhulu manje, ngokuba ngiyabona ihora seliseduze. Ucabanga ukuthi abaprofethi beTestamente eLidala bebeyokwenzenjani ukuba bebevukile namhlanje na? Bukani izimo!

83 Futhi lomfo nebhodlela lakhe lewayini liphakeme, ephuza, enesikhathi esikhulu. Wathi, "Umzuzu nje. Nonke, nina, nonke ngilaleleni. Vulani imisakazo yenu manje."

84 Ezinenhlamba, ezingcolile, izinto ezinyanyekayo ezivunyelwe, izinhlelo ezingahlungiwe! Kwaqala nini na?

Bhekani emuva emlandweni. Kwaqala emuva lapho ngezinsuku zikaClara Bow. Futhi ngenkathi leliqhinga, umTexan ongamesabi uNkulunkulu waphumela lapho futhi wenza lezizingubo zangaphansi zabesifazane ezazibenza babukeke bekhanukisa, futhi lokhu kwaqala. Iculo lokuqala elinenhlamba abalivumela ukuba liqhubeke, lalimayelana namanenekazi ehlisa amasokisi awo amade futhi ekhombisa ngamadolo awo amahle. Bazedlulela ngalokho, futhi manje akuhlungiwe. Bangasho futhi benze abakufunayo. Udeveli uthathe into ngaphandle kokudubula. Kunjalo. Ucabanga ukuthi lezo zifebe zaseHollywood, esihogweni, namuhla, beziyokwenzani ukuba bezingabuya na? Beziyokwenza ngokwehlukile. Kodwa ukuthonya kwazo emhlabeni kufake umhlaba elangabini lenkohlakalo.

85 O, malibongwe iGama leNkosi! Yini ukuthonya kweBandla lomKristu obekufanele likwenze na? Lokhele umhlaba ngelangabi ngobuKristu! Kodwa, esikhundleni salokho, sizama ukwenza ukuzifanisa nabo. UKristu uyisibonelo sethu, futhi hhayi ingcweti yaseHollywood, noma ingcweti yethelevishini.

86 Kodwa siyisimodeni. Sibhema iPall Mall, futhi uzoya esihogweni ngokukwenza. Izithombe zamantombazane phandle lapha, nosikilidi, abesifazane ababukeka bebahle, lokho kuyinkohliso kadeveli. Mbukeni, eminyakeni embalwa emva kokubhema, ne-TB, elele ngaleya, efa, olusizi. Kodwa kuyisimodeni. Bangakubeka phambi kwabantu abasha.

87 Futhi ukumisa isithombe sokuphilisa ngokukaNkulunkulu, noma okuthize, noma sikaKristu, bebengeke bakuvumele ukuba ukwenze.

88 Kodwa thina siyisimodeni. Sizofanele sihambe njengalo lonke izwe. Onke amasayini amakhulu kabhiya, i-Oertel’s ’92, nePabst Blue Ribbon’s, nakho konke okwalokho. Benzani na? Bakufaka kulezozinhlelo zethelevishini ngoba akukhokhiswa intela. Udeveli usevele ukwenze kanjalo.

89 O Nkulunkulu, yiba nomusa. Aniboni, bafo, sisekupheleni kwendlela na?

90 Ukuthi udeveli uzame kanjani ukuzigwinya lezozinto. Uyakuvumele ngoba uyazi ukuthi izinsuku zakhe zibaliwe.

91 Ngakho-ke lomfo osemusha nengilazi yakhe yewayini, eyishayisa kancane kwithosti. O, he! Sengiyababona bonke abantu babefuna ukuziphathisa okwakhe.

92 Ubona abafana abancane phandle ezikoleni, lapho bezodingeka badonsele ama-ovaloni abo amancane ezinqulwini zabo, futhi bayekele izinwele zabo zikhule njengezigejane zezixhwanguxhwangu, ukuba baziphathise okuka-Elvis Presley.

93 Nkulunkulu busisa lowo mphathi walelokolishi ngolunye usuku, owathi, "Nizowalungisa akhuphuke futhi nigqoke njengendoda, noma nizophuma kulelikolishi." Lowo ngumMelikana wangempela. Wathi, "Uma begqoka kanjalo, beziphatha kanjalo." Futhi lelo yiqiniso.

94 Futhi uma ugqoka njengesifebe, uzoziphatha njengaso. O, kuningi okufanele ukwenze, hlobo luni lomoya olungaphakathi kuwe. Impela. Ukwenza wenze lokho okukuwe. Ukwenza ugqoke, futhi uziphathe, futhi uphile. Noma yini ekuwe, iyakubusa. Impela.

95 Kodwa manje usephakamise ingilazi yakhe. O, wayesekumamathekeni kwakhe nje okukhulu kanjani, ukutshikiza kwakhe okuncane ayezokwenza phambi kwabo bonke abantu. Lokho akusilo uhlelo lwethelevishini oluhle na? Ibingeke—ibingeke iHollywood iye kuleso senzo na? "O, ngiyakutshela," uyasho, "nakhu esizokwenza. Niyasazi lesosigejane sabaginqiki abangcwele esasivame ukuba naso ngalapha na?" Niyabo?

96 Futhi kwathi nje ngenkathi eqala ukuphuza, wabheka ngasodongeni. Niyazi engadini, kwakulenga izinti zezibani ezinkulu. Futhi kwakukhona iplasta odongeni. Futhi izibani zazibonisa kuleplasta, kusuka engadini. Namehlo akhe aqhunsuka. Futhi ngempela waqhaqhazela. IBhayibheli lathi wakwenza, lasho ukuthi, "Amathambo akhe aphuma emajoyintini, futhi ashayisana ndawonye."

97 Yebo, futhi ngolunye lwalezizinsuku, lesisizwe sonke sizoqhaqhazela, impela ngokwenele. O, yebo. Impela.

98 Bathi, "Labo bagingqiki abangcwele, labobaphilisi ngokukaNkulunkulu, ukuthi, *lokhu*, *lokho*, no*kunye*," konke lokho abayikho. Lindani nje. UNkulunkulu ulungile.

99 Uzothumela uMlayezo, noma kanjani. Wakwenza kuyo yonke eminye iminyaka. Uzokwenza manje. Futhi Uyakwenza, nemvuselelo isizophela nje. Niyakhumbula, kwakungu ISHO KANJE INKOSI. Ngathi, "IMelika yenza isinqumo sayo sokugcina ngo 1946." Bukani kusukela lapho. Ayisekho. Futhi akukho lutho olusele ngaphandle kokwahlulela nesiphithiphithi. Bukani ukuthi kwenzekeni ngaleso sikhathi esingako. Kubukeni nje, ukuthi kuzolokhu kushesha futhi kushesha kanjani. Sisekupheleni. Siphila emathunzini okuFika kwaKhe.

100 "Futhi kuyoba khona izibonakaliso emazulwini phezulu nasemhlabeni. Izinhliziyo zamadoda zihluleka; ukwesaba, ukudideka kwesikhathi; usizi phakathi kwezizwe." "Ukuthi abantu bayoba kanjani namawala, abakhukhumele!" "Kanjani ukuthi amadodakazi aseSiyoni, ibandla, ayeyohamba ngokuqhosha, ngokukhukhumala; ngendlela abehamba ngayo, futhi ecokama futhi ezibinya lapho ehamba."

101 Thina sikuphi na? Sisedilini lomculo wokuzibinya elikhulu likaBelteshasari. Futhi ibandla libanjwe ekuhlehleni nokubuya kolwandle, ngethelevishini, ngomsakazo, ngeHollywood. Futhi nakho lapho sikhona. Abesifazane abangamaKristu bangempela baphungula izinwele zabo, bayazigcoba ebusweni babo, begqoka izingutshana ezingcolile ezindala, ngoba abantu abanonya babatshele ukuthi akukho-ngozi kukho.

102 Owesifazane ongumKristu, umshumayeli, wathumela intombazane ezansi lapha ngelinye ilanga, yayibukeka sengathi yayithululelwe ezingutsheni zayo zokugqoka. Wathi, "O, Mfowethu Branham, uvela esikoleni esidala. Umelusi wethu ukhulula abantu besifazane."

Ngathi, "Ubakhulula kuphi na?"

103 Bayabakhulula kuKristu nasekuziphatheni kwabantu kahle. O, udume kakhulu, owesifazane unjalo. Impela. Kodwa noma yini eyenza lokho umntwana wesihogo. "Niyakubazi ngezithelo zabo." Usuku olunje pho esiphila kulo! Impela. Angikholwa . . . ukwazi ukuthi lithi kanjani, hlobo luni lwezingubo ozigqokayo, nokunye nokunye. Kodwa, sifazane, uyakubona okwenzayo na? Uzenza uphawu locansi kulo lonke ishinga elidala elinonya odlula kulo. Kodwa ufuna inkululeko. Kukhombisa ukuthi yimuphi umoya okuwe. Ufuna ukukhululeka eBandleni, ukukhululeka kuKristu, ukukhululeka kuMoya oNgcwele, ukuze uzophila njengabo bonke. Lokho akulishiyi ngaphandle iTabernakele likaBranham. Lokho kufaka iTabernakele likaBranham, konke! "Bonke bonile futhi basilalelwe inkazimulo kaNkulunkulu." Nakhu la sikhona. O, usuku olunjena pho! Isikhathi esinjena pho!

104 Futhi uyaqhaqhazela. Futhi wabuka, futhi ngaphesheya ngasodongeni kwakukhona ingxenye yesandla soMuntu. Futhi Sasibhala odongeni, "MENE, MENE, TEKEL, UFARSIN."

105 O, bonke baqala ukubheka loGodfrey wesimodeni owayenokuthandwa ngabantu kakhulu kakhulu. Yini indaba ngaye na? Uyaqhaqhazela, impela ngokwenele. Umile . . . IBhayibheli lathi, "Amadolo akhe ayeshayisana." Futhi kukhona okwakwenzekile. Ini? Akazange akuqonde. Wayecabanga ukuthi akekho ongakuletha kuye.

106 Kodwa uNkulunkulu angakuletha kuwe, akunandaba ukuthi ukuphi. Uyakwazi. Uyayazi imisebenzi yakho.

107 Ngakho-ke yena uthi, "Yinye kuphela into okufanele yenziwe, lokho ngukuthi, biza umelusi." Ngakho wahamba futhi wathola umelusi, nokhadinali, umbhishobhi omkhulu, nophapha bebandla lakhe. Wabangenisa bonke. Wathi, "Kusho ukuthini lokhu na?" Manje nizobona iMelika yesimodeni. Abazange bazi lutho ngokungaphezu kwemvelo, ngakho-ke abakwazanga ukukuqonda.

Malibongwe iGama leNkosi!

108 Ungangabaza, manje-ke, uma bebengabiza uMoya kaNkulunkulu ophilayo, "Umbhuli, noma udeveli"? Abazi lutho ngokungaphezu kwemvelo. Bonke basongelwe ehlelweni labo. Abazi lutho ngaKho. Bathi, "O, lokho nje ngukufunda umqondo okuncane." Kodwa isandla esilobayo sisodongeni.

109 Wenza lesosibonakaliso phambi komJuda, ngokuvala esabo. Wakwenza phambi kwamaSamariya, kodwa hhayi oweZizwe. Ngani na? Wadingeka alinde izono zama-Amori zize zinqwabelane.

110 Manje isandla esilobay o sisodongeni, sethu. Benzani na? Ngabe bayaSilalela na? Qhabo, mnumzane. Bayaqhubeka nje no-Arthur Godfrey, no-Elvis Presley, noPat Boone, nabo bonke abanye. Abafo abasha besimodeni, injejane, udlame, leyo yinto efanayo eyayilapho, impela.

111 Futhi wangenisa bonke abelusi, futhi bathi, "Awu, thina, asikwazi Lokho. Mhlawumbe . . . O, lokho mhlawumbe isithunzi ndawana thize."

112 Inkosi yayinengqondo engcono kunalokho. Futhi yathi, "Ngizonikeza noma yimuphi umuntu ingxenye yombuso wami, futhi ngizomembathisa, futhi ngizofaka iketango legolide entanyeni yakhe, uma engahumusha Lokho." Kodwa babengenaso isiphiwo sokuhumusha. Babengazi lutho ngakho. Babekholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso zasezedlule.

113 Akusibona abashumayeli bethu besimodeni na? Akusibona ababonisi bethu abakhulu, ababhishobhi bethu na? Abazi lutho ngokungaphezu kwemvelo. Yingalesosizathu babekwazi ukubiza uMoya kaNkulunkulu ophilayo, "Isenzo; okumisiwe."

114 O Nkulunkulu, yiba nomusa esizukulwaneni esiphingayo nesingcolile esibhubhayo ebusweni bomhlaba.

115 Wayelapho-ke. Usalokhu eshayisana amadolo akhe. Kwakukhona okungalungile. Wazi ukuthi kwakukhona okungalungile. O, kwakukhona isibonakaliso esingaphezu kwemvelo. "Singene kanjani phakathi lapha na? Savela kuphi na?" Savela Phezulu. Sehla, lapho okwakungekho zindonga khona. Besingangena.

116 Futhi, namhlanje, sinomculo wokuzibinya. Sihambise abantwana bethu kumathelevishini nasezinhlelweni ezingahlungiwe. Sivumele iphansi lethu namatafula agcwala ezingcolile ezindala, izindaba zothando zocansi, esikhundleni seZwi likaNkulunkulu. Ayikho inganyana kulelidolobha, ngaphandle kokwazi kakhulu ngo-Arthur Godfrey, noma u-Elvis Presley, noma uPat Boone, noma uDavid Crockett, kunokuba zazi ngoJesu Kristu. Lokho kuqondile, kodwa ku, o, kuyiqiniso impela.

117 Akumangalisi kukhona ukuwa! Futhi yini abelusi abayaziyo na? Abazi ukuthi yini imbangela yakho. Bayimbangela yakho.

118 Futhi wayelapho-ke, emile; kanjako uBelteshasari wayeyimbangela yakho, ngokuvumela umbuso wakhe ungene endaweni enjalo.

119 Futhi, namhlanje, kuyo yonke lento esidlula kuyo, sicabange ukuthi siqinisiwe. Sicabanga ukuthi, "Siyisizwe esihle kunazo zonke futhi esikhulu kunazo zonke emhlabeni. Sinayo yonke isayensi lapha."

120 Futhi uBelteshasari wayengazi, ukuthi wayengenabo bonke ososayense. Kwakukhona isizwe esasibizwa ngokuthi amaMede-nama-Peresiya. Babenomsebenzi wesayense, nabo. Manje okungamaMede-o-Peresiya, noma amaNdiya, amaHindu eNdiya; njengoba umfowethu esanda kukhuluma nje. Ekugcineni bahamba, baphelela eNdiya, njengamaHindu, amaMede-o-Peresiya. Futhi ngokwesayensi babeyitholile indlela ababengadlula ngayo umfula i-Ewufrathe. Babengeke bakwazi ukudlula ezindongeni. Kodwa bawudlula umfula, futhi laliza ngaphansi kwamasango. Isayensi isebenza kwenye indawo. Esikhulu, isizwe sabahedeni esingamesabi uNkulunkulu ngalesosikhathi, futhi uNkulunkulu wabeka isibonakaliso odongeni, ukubazisa ukuthi izinsuku zabo zase ziphelile.

121 Futhi uNkulunkulu ubeke isibonakaliso odongeni lwethu nedili lethu elikhulu lomculo wokuzibinya, futhi kukhona isputniki esindizayo ezibhakabhakeni. O, sicabange ukuthi sinakho konke, asibanga njalo na? Sicabange ukuthi sikwazi konke. Kodwa iRashiya, ngokwesayensi yethu uqobo, ineminyaka emihlanu ngaphambi kwethu. Futhi uma sibanjwa, eminyakeni emihlanu, bayoba neminyaka eyishumi ukuqhela ngenye indlela. UNkulunkulu uvumela isizwe esingamesabi uNkulunkulu, evumela abantu abangamesabi uNkulunkulu abathatha labososayensi bamaJuda phezulu lapho, futhi bangaphambili kude kunathi. Sibeka isikhathi sethu ewayinini, abesifazane, nesikhathi esikhulu. Futhi bayasebenza imini nobusuku, ukuthi bangasiqhumisa kanjani. Ayikho neyodwa into engabavimba ukuthi bakwenze khona manje. Bukani, isimo esikuso, isizwe sonke.

122 Niyasikhumbula lesosikhulu sebutho na? UMfowethu Roberson nami besixoxa izolo. Baxoxisana naye, omunye wososayense abakhulu. Wathi, "Angifuni wesabise abantu, kodwa ngifuna usitshele iqiniso. Ngabe ikhona ingozi na?"

"Nganoma yimuphi umzuzu kungenzeka."

123 Into kuphela, siyakhohlisana. Siqale umcibisholo imizayili yethu encane, futhi waphelela phansi, ngamafidi amathathu ukusuka emhlabathini. Manje sibeka omunye phezulu, futhi uphelela phansi. Ngani na? Sifake ubuthi ezingqondweni zethu ngosikilidi, ngabesifazane, ngewiski, ngesikhathi esikhulu, futhi akumthokozisi uNkulunkulu waseZulwini. NomBhalo ubikezela

ukuthi iRashiya izokwenza. Sikuphi na? Sisekupheleni. Sonke isizwe sesabela ukufa. Ngikholwa ukuthi bebengamisa umcibisholo imizayili, khona manje, futhi babhubhise isizwe sonke. Ngesikhathi esiyimizuzu emihlanu nje, ubungaba impushana, futhi ubuyele emagesini owawukuwo ekuqaleni. Bangakwenza.

124 O, sibe nedili lomculo wokuzibinya. Sesimkhohliwe uNkulunkulu. Sesihambe saya kude kakhulu ngethelevishini, kakhulu ngezwe. Futhi bebelokhu bekulungiselela ngaso sonke isikhathi, njengamaMede-o-Peresiya nje. Futhi manje okungaphezu kwemvelo sekufikile, futhi isandla esilobayo sisodongeni; hhayi odongeni, kodwa esibhakabhakeni. Futhi manje sonke siyaqhaqhazela. O, yebo. Isayensi yethu yesimodeni iyaqhaqhazela. Isizwe sakithi siyaqhaqhazela. Kungenzeka ngaphambi kokuthi lenkonzo ivalwe.

125 Kodwa ngifuna niqaphele okunye. Ngifuna nikhumbule ukuthi ngenkathi bese kulesosimo, ngaphansi kwalesositshulu sokudakwa, kwakukhona indlovukazi encane. Yayikade ingekho edilini lomculo wokuzibinya. Kungahle ukuba yayikade ingaphandle ifunda isiprofetho sikaDaniyeli. Yayingekho phezulu izitika esonweni sabo. Futhi yangena igijima. Ngenkathi inkosi yayingazi ukuthi yenzeni, yangena igijima. Futhi yathi, "O, nkosi, phila kuze kube phakade! Ngiyazi uyaqhaqhazela. Ukhathazekile. Futhi umelusi wenu, futhi akekho owabeluleki benu, ophapha benu, nokhadinali benu, namadoda enu esigodi, nonsumpa benu, akekho noyedwa kubo onganihumushela khona. Kodwa kukhona indoda, kukhona indoda embusweni wakho, iyakwazi okungaphezu kwemvelo."

126 O, malibongwe iGama laKhe! Bandla, kukhona uMuntu phakathi kwethu, namhlanje. Angakufunda okungaphezu kwemvelo, futhi Angakubhala okungaphezu kwemvelo. Kukhona uMuntu. O, ngethemba ukuthi nizohlangana naYe. Ngethemba ukuthi Uzongena enhliziyweni yenu khona manje. Uzokhuluma nani besifazane. Uzokhuluma nabenu . . . nina madoda, futhi uzonivumela nibone isimo eningene kuso. NguYe kuphela Ongafunda isimo sakho.

127 Ngingashumayela iphimbo lami lize lingabe lisaba khona. Ngingakhala izinyembezi zami zize ziyobule imidwa yehle ngezihlathi zami. Bekungeke kusize ngalutho, ngoba ngingumuntu nje.

128 Kodwa kukhona uMuntu. iGama laKhe nguJesu. Angakutshela ukuthi *Lokhu* kusho ukuthini. Ubungeke yini uthi nyelele futhi ukhulume naYe kancanyana nje?

129 Zichazani leziziputniki ezibhakabhakeni na? Yini indaba na? Liyini leliBabiloni lesimodeni, ukuthi sizama ukwakha umshini ozosiyisa enyangeni na? Anisoze nakwenza. Kumayelana nani

konke na? Isayensi ayazi. Basekujaheni okukhulu ngenxa yento ethize, futhi abazi ukuthi kuyini.

130 Kodwa kukhona uMuntu. Kukhona uMuntu Owaziyo ukuthi konke kumayelana nani. NguYe Owakubhala *Lapha*. Yena uyazi ukuthi lifundwa kanjani leliGama. O, Uyazi ukuthi Lichaza ukuthini, ngokuba Uno ISHO KANJE INKOSI. Wakwethembisa. "Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Uma beNgibiza ngo, 'Belzebule,' inkosana yendlu, bayonibiza kakhulu kangakanani nina bendlu yaKhe!"

131 Isandla esilobayo sisodongeni; amasputniki ezibhakabhakeni. "Ukuzamazama komhlaba okukhulu yonke indawo; izintaba-mlilo ezikhuphukayo; amagagasi abangwa ukuzamaza equbuka ogwini." Kuyini na? Ukuloba kwesandla. Hhayi ezibhakabhakeni kuphela, kodwa emhlabeni. "Kuyoba khona izibonakaliso ezulwini nasemhlabeni. Inhliziyo zamadoda zehluleka."

"O, asazi ukuthi senzeni."

132 "Ukudideka kwesikhathi; usizi." Yini usizi na? Usizi phakathi kwezizwe, zonke. Vumela umcibisholo imizayili owodwa undize, lokho kuyakwenza. Kuyini na?

133 "Kukhona indoda engakuchaza." Yahamba futhi yayisithola lendoda.

134 Nkulunkulu ngiphe amandla kulokhu ukusa, Nkulunkulu ngiphe amandla; okuletha leyoNdoda esidingweni senu namuhla, ngiYilethe kini. YiYo engahumusha udaba lwenu. Yiyo Enganitshela lapho enenze khona iphutha lenu. Ingakwenza. Enganitshela ukuthi nishiyephi. Yiyo Enganitshela ukuthi niqale kuphi.

135 Futhi yahamba futhi yathola uDaniyeli, omele uNkulunkulu. Futhi wahamba wakhuphuka.

136 Ubungathini umprofethi ongcwele ethi, "O, nkosi, ngihloniphekile ukuba lapha. O, uma nje ngingasho into efanele, ngizolithola leloketango legolide"?

137 O, wena, ungabona ukuthi kukuphi, namhlanje na? "Uma ngikwazi ukukitaza izindlebe zabantu bami, kuqheliswe lezizinto. Angikhathali ukuthi benzani; bakhokha kanzima e—engcebweni. Benza *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*. Sizokwakha isonto elikhulu kakhulu, futhi sibeke okuzungezayo okukhulu kulo. Sizokwenza *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*."

138 O Nkulunkulu, yiba nomusa kubantu abanjalo. Nginike iQiniso. Yebo. "O, uma sikhuluma noma yini enjengaLokho, mfowethu, abantu bethu—bethu bangasukuma futhi baphume." Angeke uma bethanda uNkulunkulu. Bazothanda ukuLizwa.

139 Umuntu kaNkulunkulu wangempela akabheki nga*le* ndlela nanga*leyo* ndlela. Akabheki ukuba abone ukuthi omunye umuntu uthini, "Kuhle lokho. Wenza kahle." Noma ukubona

ukuthi omunye umuntu uthi, "O, ubungafanele ukwenze lokho." Akanendaba ukuthi noma ubani uthini. Ujabulela ukuhambisana noMoya oNgcwele, futhi ubheka kuphela phezulu naphambili. Akakhathali ukuthi umshumayeli uthini, noma ukuthi abanye abantu bathini. Ujabulela ukuhambisana naLowo Owamthumayo. Kunjalo. Ufuna ukujabulisa Lowo.

140 Bukani lokhu. Wathi, "O, Belteshasari, ubufanele wazi kangcono kunalokhu. Awumazi yini uyihlo, uNebukadinesari . . ." Okungukuthi, ngempela kwakungumkhulu wakhe. Wathi, "Awumazi yini uyihlo . . ." Okungukuthi, okwakungukulandelana kwamakhosi. "Belteshasari, awazi kangcono na? Ubunesibonelo emuva lapho, kulokho uNkulunkulu akwenza kuyihlo ngenkathi eba ngonamawala, ozikhukhumezayo, futhi wadedela umbuso wakhe uhambe kanjalo. Unaso isibonelo salokho Akwenza."

141 Futhi kanjalo unaso isibonelo salokho uNkulunkulu akwenza kulabo abangazange bahambe ngokuqondile phambi kwaKhe. Lezi akuzona izinto ezingaqondakali. Lona akusiwona uMlayezo onzima. YiQiniso. Unesibonelo. Niyazi ukuthi Wenzani emuva ngaleya, kwabesifazane ababesina phambi kwezithombe. Uyazi ukuthi Wenzani kwabesilisa abalandela abesifazane abangaziwa. Niyazi ukuthi Wenzeni komadakeni abadakiwe, nongqingili, nabaphendukezeli baseSodoma. Akusiyo into exakile. Uyazazi lezizinto.

142 Wathi, "Ubufanele ukwazi. Naso isibonelo sakho, ngomkhulu wakho. Kodwa, manje, nansi incazelo yombhalo, 'UNkulunkulu ubalile umbuso wakho. Ukalwe esilinganisweni futhi ufunyanwe ulula.'"

143 O, uma kwake kwaba khona isikhathi lapho amaMethodisti, amaBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, amaPentecostal, ekalwe esilinganisweni, isilinganiso sikaNkulunkulu, futhi afunyanwa elula! Babize uMoya kaNkulunkulu ophilayo ngokuthi, "Into engcolile." Bakwenzile ngaphezu kwemisebenzi yomusa. Balandele amabandla amakhulu nezinhlangano. Nani ma-Assemblies of God, nina church of God, nonke nina, nina bakamunye, nabakaziqu-zintathu, maBaptisti, iPresbyterian, iKatolika, niyazi ukuthi nibuyele emuva eBabiloni. Nibe naso isibonelo salokho.

144 Futhi leliTabernakele likaBranham liyazi ukuthi nexwayisiwe ngalezozinto, eminyakeni edlule, kodwa manje nilinganisiwe ezikalweni nafunyanwa nilula: ukuqophisana, ukulwa, ukubamba amagqubu, nokukhathazeka. Nicabanga ukuthi uNkulunkulu angasebenza endaweni efana naleyo na? Lutho. Nakho la nikhona.

145 "Abanganaki, abangengcwele, abangenaluthando, abangenakuthuliswa, abahlebi." Lolu usuku esiphila kulo.

146 Kodwa khumbulani, wathi, "Uyakwazi lokhu." Kodwa ngaso lesosikhathi, uDaniyeli wayenikeza isiprofetho sakhe futhi etshela leyo nkosi. Ubungathini nje yena ehudula umlenze, ukuze athole iketanga legolide na? Ubungathini nje indoda kaNkulunkulu ivunana nodeveli, ukuba ibe ngethandwa ngabantu na? Lutho.

147 Ningaba nawo amathelevishini enu, izinhlelo zenu. Ningaba nawo amabandla enu amakhulu. Ningaba nanoma yini eniyifunayo. Mangibe ngongathandwa ngabantu, Nkulunkulu, kodwa mangibe qotho noMoya oNgcwele, ukuba ngikhulume iQiniso. Angikhathali ukuthi kwenzekani noma kuhambani. Sinento eyodwa okufanele siyenze, lokho ngukuqhubeka nomyalo weNkosi yethu ebusisiweyo.

148 Kodwa silapha. Sikulolusuku, futhi kuphezu kwethu. Akukho lutho olungenziwa manje. Sesivele siweqile umugqa. Isimo esinjena pho! Isizwe sibumbana esonweni nasebuwuleni. Isandla esilobayo sisodongeni. UMoya kaNkulunkulu Uzembula, nabantu bayabuya futhi bathi, "NguBelzabule."

149 UJesu wathi, "Wakhuluma . . . khuluma lokho ngaMi, Ngizokuthethelela. Kodwa uma uMoya oNgcwele esefikile, ngisho izwi elilodwa elimelene naWo alisoze lathethelelwa, kulelizwe noma ezweni elizayo." Isibonelo esihle salokho ePhentekoste, emva kwePhentekoste; kwase kuthi-ke lapho uThithu, ngo 96, ethatha izindonga zaseJerusalema; ngenkathi benqaba umlayezo. Impela.

150 Silapha. Futhi ngalesosikhathi ngqo lapho kunikezwa isiprofetho. Lalela manje, sengivala. Ngenkathi kunikezwa isiprofetho, kwenzekani na? Kwenzekeni na? Ngesikhathi esifanayo isiprofetho esasinikezwa ngaso, amaMede-nama-Peresiya ayengena ngaphansi kwesango. Onogada basethempelini base bebulewe. Onogada basesigodlweni base begawulwe balahlwa phansi, ezitaladini.

151 Lalelani. Emizuzwini eyishumi kamuva, lawomantombazane asemancane esimodeni, amahle, labo besifazane besimodeni bekude nezingane zabo nabantwana, kwenzekani na? Kwakwenzekani na? Babezoba uhide ezitaladini. Babedlwengulwa amasosha. Izisu zabo zaziqhaqhwe zavuleka. Futhi ihlazo lalethwa phezu kwabo, ngoba behluleka ukulalela. Kodwa kwakukude kakhulu.

152 Lalela, mngane. Akukho-nto ngalelihora, emizuzwini engamashumi amabili nanhlanu ezayo, noma imizuzu eyishumi, ukuba iRashiya ithumele isathelayithi yayo futhi ishanele ngapha kulesisizwe, iqondise umcibisholo wayo imizayili, ithi, "Zinikeleni, noma emizuzwini emibili anizukuba yilutho ngaphandle kothuli." Bangakwenza khona manje. Cabanga ngakho. Bangakwenza khona manje. Bekungenzekani na? Umthwalo webhanoyi emva komthwalo webhanoyi, umthwalo

womkhumbi emva komthwalo womkhumbi, wamasosha angamakhomanisi angamesabi uNkulunkulu, abengaphethuza emazweni akithi, abengahwaphuna amantombazane ethu futhi bawayise esitaladini, futhi awaphathe njengezinkomo, bawahlohle inkemba idabule kuwo. Bangene emakhaya ethu bakhiphe amakhosikazi ethu, futhi basakaze ikhanda lengane odongeni, badlwengule abesifazane bethu. Usho into eyodwa na? Kungokwabo.

153 Wena uthi, "Ngabe ipentagon yethu izozinikela na?" Impela, ibingakwenza. Lokho bekungaba ukuphela kwento enengqondo kuyo ukuba ikwenze. Ibingafanele ikwenze. Uma ingakwenzanga, besingeke sibe yilutho ngaphandle kwempushana emizuzwini embalwa. Mhlawumbe besingaba namahora ambalwa engeziwe okuphila, kodwa ukubulawa okunjena pho!

154 Ini? Kungenzeka ukuthi bayalayisha emabhanoyini njengamanje. Kungenzeka ukuthi imikhumbi isechwebeni. Ngokushesha lezizinto esikhuluma ngazo zingaba yiqiniso. Akusekho neyodwa into esele, ukuba kwenzeke, ekuvimbeni ukuthi kwenzeke ngokwesiprofetho. Nakhu la sikhona. Futhi ngesonto elizayo uwusazi isimo obungaba kuso. Isandla esilobayo sisodongeni. Sikalwe esilinganisweni futhi safunyanwa silula.

155 Manje, uma lezizinto ziyiqiniso, futhi niyabona ukuthi ziyiqiniso, khona-ke sisondele kangakanani ekuFikeni kweNkosi na? Kulobubusuku, ngifuna ukuqhubeka. Ini? Liyoba kuphi iBandla uma lokhu kwenzeka na? Manje, nina ebenilokhu nihlale nicabanga ukuthi iBandla liyothatha ukuHlupheka, wozani nizothola. Uma lokhu kuseduze kangako, uma lokhu kubhujiswa kuseduze kangako, kuseduze kangakanani ukuFika kweNkosi na? Ngoba kuzokwenzeka ngaphambi kokuba iBandla like lize . . . Ngaphambi kokuba irokhethi eyodwa ishaye lelizwe, iBandla liyoba sezingalweni zikaKristu, futhi selihambile. Sisekupheleni. Kungenzeka noma nini.

Asikhuleke.

156 Ngifuna abantu abacabanga ngokujulile phakathi lapha. Ngifuna labo aba . . . abazi ngempela ukuthi leyo Ndoda ibikhuluma nani emizuzwini embalwa edlule. Uthi, "Yebo, benginephutha. Futhi ngifuna ukulungisa, naleyo Ndoda, ngoba YiYo kuphela Engafunda lombhalo wesandla. Ngifuna ukuba kahle." Ungasiphakamisa nje isandla sakho na? Uthi, "Ngikhulekele, Mfowethu Branham."

157 UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nsizwa. UNkulunkulu akubusise, nenekazi; wena, wena. Kunjalo. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise,

inenekazi eliselincane. UNkulunkulu akubusise, ntombi. UNkulunkulu akubusise, ntombazane. UNkulunkulu akubusise, omncanyana emuva lapho, intombazanyana eyitshitshi. Umfana omncane, uNkulunkulu akubusise. Usekuphendukeni kwempilo nje.

158 O, bekungenzeka, futhi kuzokwenzeka. Kufanele kwenzeke. Futhi lezizintambo ezifohlokayo ohamba kuzo zizogqashuka, s'thandwa. Nomphefumulo wakho ompofu ongenakuzisiza, kuzokwenzekani kuwe na? Isikhathi asisayikubakhona. Isikhathi siyohlangana-ke sibe yiPhakade. Isandla esiloba odongeni; ubufakazi besayensi. Bazama ukuya enyangeni, njengoba benza eBabiloni. Yonke into iyaziphinda. UNkulunkulu waseZulwini angeke esakwazi ukuba Athule. Sekuyisikhathi. Nini na? Angazi; kodwa sekuyisikhathi.

> Abaprofethi bamanga baqamba amanga,
> iQiniso likaNkulunkulu bayaliphika,
> Ukuthi uJesu Kristu unguNkulunkulu wethu;
> Lezozinsuku zabeZizwe zibaliwe ngokwesaba okuthiyayo;
> "Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini."
>
> Usuku lokuhlengwa seluseduze,
> Izinhliziyo zabantu zehlulwa ukwesaba;
> Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,
> Bhekani phezulu, ukuhlengwa kwenu sekuseduze.

159 Kuleyithi kunoma nicabanga. Ngeke wena yini nje manje, ngaphansi kokuhlabeka, uma uzwa ukuthi ubunephutha; anginandaba ukuthi usunesikhathi esingakanani ukhonza kulelitabernakele, anginandaba ukuthi usunesikhathi esingakanani ukhonza ebandleni lakho, ukuthi ukhulume kangaki ngezilimi, ukuthi usine kangaki eMoyeni; uma usengabona izwe lilenga kuwe, woza lapha umzuzu nje. Wozani lapha, zimvu ezilahlekile. "Buyani, O nina bahlakazekileyo, kwabakini." Beningeza lapha umzuzu nje, ake ngixhawule isandla sakho? Yima lapha, futhi asikhuleke ndawonye. Ngiyakumema. Sukuma uphume manje esihlalweni sakho futhi uze lapha; ubuwukhathalele umkhuleko wami. Ngiyakumema ukuba uze.

160 Kunjalo. INkosi ikubusise, mfowethu othandekayo. Yima khona lapha kuleli-altare, umzuzu nje. [UMfowethu Branham ushiya ipulpiti futhi uxhawulana nalabo abeza ngaphambili—Umhl.] UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Busiswa. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu anibusise, nobabili. UNkulunkulu akubusise, mfowethu.

UNkulunkulu akubusise. Yima khona lapha e-altare manje. UNkulunkulu akubusise.

161 [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kubambe khona lapho. Uma siyizihambi omunye komunye, phakamisa isandla sakho. Yilokho okungalungile ngawe, akunjalo na? Kulungile. Unokukholwa. Uvela ezansi eKentucky. UNkulunkulu akubusise. UMoya oNgcwele!

162 UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, nenekazi.

Usuku lokuhlengwa . . .

163 UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu anibusise, nobabili. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] " . . . ukufunda ingqondo"?

164 Uma lowo kungesiwo uMoya kaKristu, angazi ukuthi Ukuphi. Kungani nilibala futhi nilinde manje-ke na? Aniboni ukuthi NguYe na? "Izinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza." Futhi lesi kwakuyisibonakaliso sesikhathi sokuphela. Ulaleleni, kulobubusuku, futhi nithole uma kungesiso isibonakaliso sesikhathi sokuphela.

165 Woza, uzoza na? Wena okholwayo ukuthi uNkulunkulu ukhulume enhliziyweni yakho, kulokhu ukusa, ethi, "Ufanele ube namahloni ukwenza izinto ozenzile," uzophuma na?

"Awu," wena uthi, "bengingazonda ukuthi udadewethu—wethu angibone."

166 Kanjani ngeNkosi yakho na? O, ufuna ukusindiswa, awufuni ukuya esihogweni sikadeveli, kodwa angeke uMemukele njengeNkosi yakho. *INkosi* ngu "mbusi." Nkosi busa konke. Ufuna ukuba nempilo yakho encane yangasese. Ufuna ukuphila impilo yobuKristu ngendlela ofuna ngayo, kodwa angeke uphile ngendlela Yena afuna uphile ngayo. Mvumele angene enhliziyweni yakho. Futhi uthi, "O, ngi—ngikungenisa enhliziyweni yami, Jesu, njengoMsindisi wami, yebo; kodwa angikaze ngikuvumele ukuba Ulawule, ngoba bengifuna ukuziphatha kancane ka*nje*. Ngifuna ukuba yisimodeni." O, Akasiyo iNkosi yakho, namanje. Umoya ka-Elvis Presley no-Godfrey usakubambile; udeveli. Impela. Ungeze lapha uKristu esahamba na? Niyawubona uMoya waKhe.

Moya omnandi, shanela phezu komphefumulo wami.

Phezu komphefumulo wami . . .

167 Ngeke nikhuleke na? Ngiyazi nicabanga ukuthi ngi... kukhona okungalungile ngami. Kodwa, uma ngingabona ibandla, nokunganaki kwebandla! Nicabanga ukuthi bekuyokwenzekani ukuba—ukuba uGeorge Washington, osukwini lwakhe, wayebone into efanayo yenzeka esanda kwenzeka khona lapha na? Nicabanga ukuthi amadoda alungile, futhi amadoda amakhulu eminyaka eseyadlula, abeyokwenzani na? Lapho uCharles G. Finney empompoloza igama elilodwa, "Phendukani noma nibhubhe," futhi amadoda aquleka esitaladini.

168 Futhi, namhlanje, uMoya oNgcwele ungabeka umbhalo odongeni, futhi Azikhombe ukuthi ukhona, namadoda ahlala lapho futhi aqalaze, abesifazane na? O, ukubanda. Kodwa khumbulani, "Njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa, kwasindiswa abayisishiyagalombili, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

169 Isimemo sakho singukuthi, "Woza." Ngikumemela e-altare kanye nabo bonke laba. Uma wazi ukuthi wenze okungalungile, awuzi ngani na? Yima lapha, ukhombise uNkulunkulu ukuthi uzimisele ukwenza umzamo. Kodwa uma uMoya oNgcwele ungeke, khona-ke ngiyazi angeke ngikwazi.

Ngakho-ke asikhothamise amakhanda ethu manje.

170 Ngifuna ukwenzela lona wesifazane umkhuleko. Uphakamise isandla sakhe, lapha ohlakeni.

171 Dadewethu, uJesu Kristu angayisindisa impilo yakho, kulokho kuguga, niyabo. Uyakholwa ukuthi Uzokwenza na? Futhi uyakwazi lokho na? Uma ngiyinceku yaKhe... Wathi eZwini laKhe, "Yisho kulentaba, 'Nqukuleka,' futhi ungangabazi, kodwa kholwa ukuthi okushilo kuzokwenzeka, ungaba nakho okushoyo." UzoMkhonza ngayo yonke impilo yakho na? [Udade uthi, "Ngizokwenza."—Umhl.] Unikele zonke izinsuku zakho kuYe yedwa.

172 Nkosi Nkulunkulu, njengoba ngibambe isandla salona wesifazane olele lapha, efa, angahle angahlali kuze kube yinkonzo yokuphulukisa yanamuhla ebusuku uma Ungamsizi. Ngimbona ebuthakathaka kakhulu ukuba ngisho ahlale; ufanele alale phansi. Futhi khona-ke Wathi, "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo. UNkulunkulu uyakubavusa." Ngiyakhuleka ukuthi Uzophulukisa owesifazane khona manje. Futhi enhliziyweni yami empofu, njengoba ngazi ukuthi uMoya waKho ulapha, ngithi esifweni somzimba wakhe, "Suka, eGameni likaJesu Kristu, ukuze udadewethu ezophila." Kusukela kulelihora, sengathi ukugula nobuthakathaka kungahamba. Kwangathi angasinda, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. NgeGama likaJesu Kristu.

173 IZwi selishiwo. Inhloso yami nenjongo yami, ngokwazi kwami, ilungile. Khona-ke, bekungemina lowo; bekunguYe

lowo. Khona-ke, bengingahamba ngokomsebenzi wami, nguthokoza. Khohlwa yikho konke ngokugula. Sukuma, futhi uthathe uhlaka lwakho, uqhubeke uye ekhaya, ujabula. Hlalela inkonzo, kulobubusuku, buka iNkosi uNkulunkulu.

174 O Nkulunkulu, ngimi phakathi kwalelihora lokufa, ukufa esonweni, ukufa ekunganakini, ukufa ekuguleni, ukusuka kwezifo; uMoya waKho omkhulu lapha, uhumusha izimo zabo! Ngikhulekela laba abami e-altare, abaziyo ukuthi isandla esiloba odongeni siqinisile. Akudingeki bathathe izwi lami ngakho. BaneZwi laKho manje. Banezwi lephephandaba. Bathole izwi lososayensi. Futhi siyazi, kuWe, yiba nguNkulunkulu olungileyo, Angeke uvumele iBabiloni lihambe esimweni sabo ngaphandle kokubanika ukwahlulelwa kwabo, futhi kanjalo Ubungeke usivumele sihambe ngaphandle kokuthi sithole ukwahlulelwa kwethu.

175 Futhi siyakhuleka kulokhu ukusa, Baba, ukuthi laba abami lapha bazophunyuka kulokho kwahlulelwa, njengoba beza ngokuphepha ngaphansi kwezingalo zikaJesu. Njengoba beza ukuzolalela uMuntu ongahumusha okukamoya, okungaphezu kwemvelo. Balizwile iPhimbo laKho likhuluma, futhi bezile ukuzoKulalela. Lapho Ukhuluma, basukumile esihlalweni sabo. Bayeza. Abanamahloni. Abanye babo, Nkosi, babe ngamaKristu isikhathi eside, kodwa ba—abanamahloni ukufakaza ukuthi kade benephutha. Futhi Wena wathi, "Uma niyofakaza ngaMi phambi kwabantu, yena Ngiyofakaza ngaye phambi kukaBaba neziNgelosi ezingcwele." Yiba nomusa Wena, O Nkulunkulu waPhakade, futhi ubanike ukuPhila okuPhakade laba abaKufunayo manje. Kwangathi izinhliziyo zabo eziyigugu zinganeliseka ngobuhle bukaNkulunkulu. Ngibethula kuWe, Nkosi.

176 Benze okuthile khona manje okushaye indiva yonke imithetho yesayensi. Basukumile baphuma esihlalweni sabi futhi bahamba lapha. Izandla zabo ziphakamile; kukhombisa ukuthi kukhona umoya kubo, ohambayo. Nalowomoya ohambayo kubo, wenelisekile, ngeZwi likaNkulunkulu, ukuthi banephutha. Izenzo zabo zifakazile ukuthi bayaqonda ukuthi banephutha. Futhi babenokuhlonipha ngokuzithoba nenhlonipho ngokwanele, bahloniphekile, ukuba beze e-altare, ukuvuma amaphutha abo futhi bacele umusa. Wena awusoze wabenqaba. Siphe, Nkosi, ukuthi ngamunye angagcwaliswa manje ngoMoya waKho. EGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu.

Manje sisakhothamise amakhanda ethu.

177 Ngiyazibuza, nina enimile lapha, kulokhu ukusa, ukuthi niyezwa ukuthi nenze into elungile. Nizile esimemweni, hhayi somfowenu, kodwa nize esimemweni esikhulu, uNkulunkulu ongcwele. Futhi ngenxa yokuthi nenze lokhu, noMoya waKhe

unibizile ukuba niqonde ukuthi kade ninephutha, futhi nifuna ukuba ngokahle. Futhi nikhuleke kuYe owathi, "Uma umuntu entula ukuhlakanipha, makacele kuNkulunkulu. Celani noma yini kuBaba, eGameni laMi, Ngizokwenza." Ukuza ngaleyonhliziyo eqotho, ukukholwa kwenu kwesekelwe ngesizotha eZwini likaNkulunkulu, niyakholwa ukuthi manje nemukela lokho enikucelayo na? Uma nikwenza, namakhanda enu ekhotheme, beningaziphakamisa izandla zenu kuNkulunkulu, nithi, "Manje ngiyakholwa." UNkulunkulu anibusise. Kulungile. "Manje ngikholwa ukuthi ngikutholile engikucelile."

178 Kwangathi umusa kaNkulunkulu ungacebisa njalo imiphefumulo yenu, ubusise imimoya yenu, futhi unenze nibe ngokwaKhe Phakade, eMbusweni, ezweni elizayo. Kwangathi okwenu . . . Umusa waKhe waPhakade unganishiyi nhlobo. Kwangathi Anganiqinisa emahoreni okulingwa. Futhi uma ibhomu elikhulu lifanele ligadle, nesikhathi esikhulu sizofanele sifike, kwangathi ningahlwithwa ekuhlwithweni kweBandla laKhe elibusisiweyo, ukuyoba naYe kuze kube phakade.

179 Nina enisezethamelini, namakhanda enu ekhotheme, futhi ningathanda ukukhunjulwa emkhulekweni, nakuba ningakhuphukanga kodwa ningathanda ukukhunjulwa, ningaziphakamisa izandla zenu. Ngabe . . . uNkulunkulu anibusise. Niyazi . . . Bukani nje izandla, amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye ezethameli.

180 Niyabona ukuthi lesi yisikhathi sokuhlolisisa na? Lesi yisikhathi sokuthi simele sihlolisiswe. Lona kungahle kube umlayezo wokugcina weVangeli oshunyayeliwe. Ngaphambi kokuba umlayezo uqale kulobubusuku, niyazi, lelobhomu lingahle lishaye umhlaba. Ayikho into engawuvimba ukuthi ungabi njalo. Sebehlelile. Sebelungele. Kuthatha kuphela iziphuzo ezimbalwa ze-Vodka, futhi lapha bekungafika. Futhi into kuphela ekuvimbile, khona manje, ngumusa kaNkulunkulu ezama ukuhlanganisa iBandla laKhe. Beningeke ningizwe njengomfowenu na? Yizwani imiBhalo, njengoMsindisi wenu, futhi nivumele uKristu abe nguMbusi ophakeme empilweni yenu. Siphe khona, sisakhuleka.

181 Khulekani manje, ngamunye, ngendlela engeyenu. Uma uyiBaptisti, khuleka ngendlela amaBaptisti akhuleka ngayo. Akwenzi nayimuphi umehluko. Vele ukhuleke nje. Wena yithi, "Nkulunkulu yiba . . . " Akusona isikhathi sokuphikisana namahlelo manje; sesiwedlulile lowonyaka. Si . . .

Woza mfowethu.

182 Ngenkathi sisamile lapha. Akulungile kumvangeli . . . Okungukuthi, akungabazeki, emva kwesikhashana, kuzoba nombhaphathizo. NgeSonto lePhasika ngihlose ukuba lapha ngombhaphathizo omkhulu. Futhi uma ungakaze umemukele

uKristu futhi ucwiliswe eGameni leNkosi uJesu Kristu, futhi ulangazelela ukubhaphathizwa ngokucwiliswa, siyakumema ukuba uze. Ngisho namanje, uma ufuna, sikulungele.

183 Umelusi ufanele abe nento azoyisho. Ngizomcela ukuba akhuleke lomkhuleko, sisalindile. Kulungile, Mfowethu Neville.

